

Biblia Zuluensis

iViyo leziKhuthali oBanjiswaneni
lokuHumusha nokuBhala kabusha iBhaybheli ngesiZulu



UMHLANGANO WONYAKA

eWashbange eMARIA RATSCHITZ MISSION
11.-13.09.2009

A M A M I N I T H I

1. ABAKHONA

NgoMbongeni Mbatha/eMondlo; noFelix Khwela /eVlayhede; noLungile Khobeni/eMgungundlovana; noNjabulo Ndaba/eVlayhede noBheni Khumalo-Seegelken/eJalimane.

2. ABAXOLISILEYO

NguWilliam Zulu/eMondlo

3. UMSEBENZI NGOLWESIHLANU (11.09.2009)

3.1. Emva kokubingelelana nokwemukelwa kahle emzini waseMaria Ratschitz sidla ukudla kwakusihlwa.

3.2. Sixoxa ngeziphathelene nokuqhutshwa kweviyo lethu. UMfundisi uDokotela uKhumalo usixoxela ngohambo lwakhe lwaseMariannahill, lapho ebeyobonana khona nomphathi wakhona, uSobaba uMbhisobhi uDlungwane, beyobonisana ngesidingo sokubambisana emzamweni esibhekene nawo wokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu.

3.3. UMfundisi uKhumalo uphakamisa ukuthi umhlangano wethu olandelayo siwubambe eMariannahill ngempelasonto yesibili kuSeptemba ozayo (10.-12.09.2010).

3.4. Sivumelana ukulandela iseluleko sikaSobaba uMbhisobhi uDlungwane, sixhumane noFata uMadelu kanye nethimba asebenzelana nalo, sibambisane ezindimeni ezisasibhekile. Emhlanganweni wethu wonyaka ozayo kungaba yithuba elihle kakhulu lokubukeza nokuhlela sindawonye.

- 3.5. Sivumelana ngokuthi sizame ukuthi iviyo lethu liqhubeke ukuba yishashalazi lokwethekelelana nokushiyelana ulwazi elivulekelele izikhuthali ezinamakhono ehlukene nezivela ezifundeni ezehlukene okukhulunywa kuzo isiZulu ngokwehlukene nezingontanga abashiyanayo besilisa nabesifazane - (isibonelo: abaneminyaka engamashumi amathathu kuya kwengamashumi ayisithupha <30-60> obudala yibona okufanele babebaningi kunabo bonke abanye, babe yingxenywe yesibili yeviyo lilonke <uhhafu>; bese kuthi abangaphansi kweminyaka engamashumi amathathu <30> yobudala kanye nabangaphezu kweminyaka engamashumi ayisithupha <60> yobudala bebodwa nabo babe yingxenywe yesibili yeviyo lilonke <uhhafu>. Ukuxoxisana nokufundisana kungaphumelela kangconywana uma kunjalo.
- 3.6. Sivumelana ngokuthi siphinde kesiyoziqomisela abangathanda ukusijoyina.
- 3.7. Ngamunye ngamunye uzophonsa esivivaneni umnikelo wamaRandi amahlanu (R5) ngenyanga okungungamashumi ayisithupha (R60) ngonyaka okuyoba yisikhwanyana esibhekene nezindleko ezivela zingalindelekile. Kukhokhwa kuShandu okunguyena ozoqhubeka asibhekele lesi sikhwanyana.
- 3.8. UMfundisi uKhumalo uhlongoza ukuvula ishashalazi lasemoyeni <website> le *biblia zuluensis* ukuze nalapho sitholakale kalula. Okwamanje sisatholakala lapha <http://www.benkhumalo-seegelken.de/ibhaybheli.html> nalapha <http://www.benkhumalo-seegelken.de/texte-ibhaybheli.html>
- 3.9. Sihlola incwadi uGenesis eyahunyushwa yithi, nansi > [IBHAYBHELI_NGESIZULU](#) siyiqhathanisa nalena esiyithola kuleli bhaybheli elejwayele ukusetshenziswa (“IBHAYIBHELI ELIYINGCWELE” 1959), sibonisane ngomehluko nokuthi usukaphi. Siyaqhubeka, sifunda u-“zimnandi ngokuphindwa” (Amaphupho kaJosefa) uGenesis wamashumi amane nanye <Gen 41>.
- 3.10. Siqhathanisa indlela udaba olubekwé ngayo esahlukweni samashumi amabili kuEksodusi (Eks 20) ezihumushweni ezimbili ezahlukene zebhaybheli ngesiZulu - “IBHAYIBHELI ELIYINGCWELE” langonyaka we-1959 ne “IBAIBLE ELI INGCWELE ELI NETESTAMENTE ELIDALA, NELITYA” langonyaka we-1893. Sixoxa ngomehluko endleleni okulotshwé ngayo. Yilowo nalowo uthola ithuba lokuzihumushela imisho emibalwa, ayethule ebandla, sibonisane ngokwehluka kwelaka kumuntu nomuntu nangokwehluka kwamaciko ekubekeni udaba. [Sifunda siqhathanisa: ISIHLABELELO 23](#)
- 3.11. Siyavala okwanamuhla.

4. UMSEBENZI NGOMQGIBELO (12.09.2009)

- 4.1. Siqala ngokudla kwasekuseni ngo-08:45. Samukelwa ngokukhethekile ngumphathi womuzi wase Maria Ratschitz, uSistela uDokotela uTalmaya (Sr. Dr. Thalmaier), osioxela ngomlando walo muzi weNtumo (iMishini).
 - 4.2. Sivumelana ngokubuka sinambithisise esesdlule kuzo: Sibuka sifundisana u-“zimnandi ngokuphindwa” wesine <4> - indaba ka Josefa nokuboshwa kwakhe.
 - 4.3. Sithatha isinqumo sokuthi siphinde sigxobe kabusha “uzimnandi ngokuphindwa” wesine emva kokuba sesilungisé amaphutha esesiwatholile. Asizukuwenzela eJalimane kulokhu, uMama uLungi wemukela isicelo sokuthi kube nguye osenzela lo msebenzi wokushicilela nokubopha amakhasi abe yincwajana esiyogxotshwa ibe yinkulungwane (1 000), esesiyofika siyiphethe naseMarianhill ngonyaka ozayo.
 - 4.4. Siphinda sibuka sibhekisana umehluko phakathi kwe-“*Bhayibheli Eliyingcwele*” lowe-1959 ne “*IBaible eli ingcwele*” lowe-1893 kanye nelethu [IBHAYBHELI NGESIZULU](#) lowe-2000. Sichaza sibukisana izahluko ezahlukene kula mabhaybheli ngokwehlukana kwazo.
 - 4.5. Umfundisi uDokotela uKhumalo usikhanyisela echaza ngendlela uMfundisi uKhwela angenza ngayo uma ebhala ngesiZulu sanamuhla esilolongekile nesizwakala kahle amagama abantu nawezindawo esiwathola ebhaybheleni, esebenzisa isibonelo esisebhaybheleni lesiJalimane i-“EINHEITSÜBERSETZUNG”. Nantu > [uhlu lwamagama namabizo \(lusaqhutshwa\)](#)
 - 4.6. Okunye okungamaphutha asejwayelekile nakwezinye izilwimi (“umphrofethi”) siyokuyeka-nje kunjalo, sibe thina kodwa sazi ukuthi kuchazwani ngakho.
 - 4.7. Sifunda sibhekisana incwadi [amadodakazi kaSelofehadi](#) (uJoshwa 17; uNumeri 27; uNumeri 36), sibonisana ngokuguquguguka kombiko ewuphethe ngokwehlukana kwezigcwawu exoxwa kuzo. Kusemqoka ukululandela ezindimeni eziningi ezahlukene udaba ngaphambi kokuba uqale ukuluhumusha; uwuthola kahle umongo walo kunjalo.
 - 4.8. Siyaqhubeka sifunda [umlando wokwenanwa kwezincwadi zethestamente elidala \(ThD\)](#) nencazelo embuzweni othi [ithestamente elidala lisalifundelwani?](#)
5. UMSEBENZI NGESONTO (13.09.2009)
- 5.1. Sidla ukudla kwasekuseni. Siya enkonzweni: ungqunguthela wesifunda-bhishobhi saseDandi emabaleni aseMaria Ratschitz - uquqaba olufiké ngezimoto namabhasi - izinkulungwane ezintathu; kukhonzwa kuhleziwe phandle, kuyahlatshelwa, kuyashunyayelwa, kuyakhulekwa kuphindelelwa - kwaze kwaphethwa selimathunzi.

5.2.Siyakhumbuzana ukuthi umhlangano wethu wonyaka ozayo sihlelele ukuwubambela eMariannahill ngempelasonto yesibili kuSepthemba ozayo (10.-12.09.2010).

5.3.Siyavala.

nguNjabulo Ndaba.

>> [Biblia Zuluensis](#)